
16

Okungalindelwe kwentwasahlobo


Impilo entsha



Umama wami esibhedlela engiphathele engangingakulindele kwasentwasahlobo.
Wathi kwakuwumfowethu u-Bart, kodwa angijjabulanga!
Hhayi ngeke, ngacabanga, akulungile lokhu, uzoba yisiphazamiso.
Uzobanga umsindo akhale abhodle asuze futhi alale usuku lonke.
Ngiyahamba ekhaya njengamanje, kwasho mina, ngagijima ngehlela emfuleni.
Ukubalekela uMntwana u-Bart nokucasha lapho kwakuyisu lami.







Kodwa ngisesendleleni ngama ngiphumula ngase ngikhangwa okuthile:
Lapho engangigcine ngibone khona isicabucabu, manje kwase kunovemvane!
Kwakunonogwaja endlini yabo, namahlume amasha ezihlahleni,
Imihlobiso egqamile ezimbalini, nenqwaba yezinyoni nezinyosi.
Amadada ethu asenamatshwele, izinkukhu zethu sezichamusele amaqanda athile.
Kwakunenkonyane yehhashi entsha esibayeni, izama ukuhamba ngemilenze yayo ezacile.



Nkosi yami, ngacabanga, akukubi kangako, lokhu yizinto nje ezenzekayo eNtwasahlobo.
Ilanga liyaphuma, impilo entsha iyazalwa futhi wonke umuntu uqala ukucula.
Ngabuyela ekhaya, ngakhuphuka ngezitebhisi ngangena endlini yengane.
Ngama ngabuka umfowethu osanda kuzalwa naye wangibuka.
Ungakhathazeki mngani, kwakungathi uyasho, lokhu ngempela akusona isiphetho.
Nginike nje ithuba lokuziveza, ngizoba ngumngani wakho omkhulu!

